

Ukuba Kwi-Inthanethi

Ababambiqhaza bazokwazi ukubona uhlobo olulodwa lokwaziswa abangalulawula kwi-inthanethi, uhlobo olulodwa lokwaziswa abangakwazi ukulilawula ngokuphelele kwi-inthanethi, kanye nokukodwa abangakwenza ngezinye zezici zokwaziswa kwabo siqu okungalawulwa yibona ngokuqondile kwi-inthanethi.

Amaphrofayela Akwi-Inthanethi Nokuxoxa Indaba

Ingxenye Yokuqala

Tshela Abafundi Bakho

Ukwaziswa kwaku-inthanethi okutholakalayo mayelana nawe kuvela emithonjeni eminingi. Ungayilawula eminye yale mithombo, njengokwaziswa owabelana ngakho (isib., izithombe, amavidiyo, nemilayezo yamagama) kumaphrofayela akho emithombo yezokuxhumana.

Ukufikeleka Kwekilasi

Bonisa ikhasi lika-Barack Obama le-Facebook esikrinini. Yibe usufunda noma ubonise amaphuzu angemahle ngo-Obama kulelo khasi njengoba luboniswe esikrinini. Sicela uqiniseke ukuba ababambiqhaza bayakuqonda okuqokethwe kulawo maphuzu nokuthi ama-akhawunti ngokwawo angewokulingisa. Enziwe ngokwenjongo yalesi sifundo kuphela.

1. @Luciano1782586: U-Barack Obama ushisa konke akuphekayo. Ngisho nomnotho imbala!
2. @Artemis4062456: U-Obama akayazi indlela. Akakwazi ngisho nokuqonda eMzimbhlophe nge-GPS!
3. @Sergei5639876: U-Obama ube ngeke ayazi inqubomgomo yangaphandle uma ebengashaywa ngesivumelwano ebusweni.

Buza Abafundi Bakho

Uzizwe kanjani ngekhasi lika-Barack Obama le-Facebook?

Kuthiwani ngamaphuzu ayiziswani abeqondiswe ku-Obama?

Ucabanga ukuthi angamenza azizwe kanjani u-Obama? [isib., ecasukile, ethotshisiwe.] Futhi abanye abantu bangazizwa kanjani njengoba bemthanda / bengamthandi u-Obama?

Ingxenye Yesibili

Tshela Abafundi Bakho

Manje cabanga ngawakho amaphrofayela omthombo wezokuxhumana.

Buza Abafundi Bakho

Iyiphi indaba abantu abangaphuma nayo lapho befunda iphrofayela lakho?

Ubani obhala leyo ndaba?

Ungakulawula kanjani lokho kwaziswa?

Yikuphi ongakuthonya ngokuqondene nokuqukethwe kwi-inthanethi mayelana nawe?

Yikuphi ongeke ukwazi ukukulawula?

Tshela Abafundi Bakho

Ake ubheke amaphrofayela akho omthombo wezokuxhumana (Facebook, Instagram, Snapchat, Twitter, WeChat, njll.) noma amaphrofayela omthombo wezokuxhumana wosaziwayo (isib., othile osemkhakheni wezomculo / noma amabhayisikobho [amamuvi / i-TV], usaziwayo wezombusazwe, umphathi webhizinisi). Khetha izingcezwana zokuqukethwe (isib., izithombe, amavidiyo, imilayezo yokubhaliwe) okubonakalayo kwiphrofayela.

Buza Abafundi Bakho

Ubani owenze lezi zixhomo? Kungani?

Athini amanye wamaphuzu?

Okuxhonyiwe ngakunye bekuhloselwe obani?

Yikuphi ukwaziswa okushiye?

Isabelo

Isabelo

Isabelo

Cela ababambiqhaza babhale izigaba ezimbalwa ezisekelwe kokuxhonyiwe okubukeziwe emisebenzini eyedlule bese baphendule le mibuzo elandelayo:

Hlobo luni lokuqukethwe wena ngokwakho/umnikazi we-akhawunti ANGAKWAZI ukukulawula?

1. Izimpendulo ezisikiselwe: isibongo; izibuyekezo zesimo; okuxhomayo / okwabayo / okuthwithayo; izithombe noma amavidiyo owayayishayo ezindabeni zakho noma ezinkathini; amaphuzu owenzayo kulokho okwabiwe ngabanye abantu emthonjeni wezokuxhumana.

Hlobo luni lokuqukethwe wena ngokwakho/umnikazi we-akhawunti ANGENAKWAZI ukukulawula?

1. Izimpendulo ezisikiselewe: amaphuzu abanye abawenzayo kokukwabiwe uwenamthonjeni wezokuxhumana (isib., izindaba zakho, izinkathi, izibuyekezo zesimo, amathwithi), okuqukethwe okwabiwa ngabanye abantu emthonjeni wezokuxhumana, indlela abangane / abalandeli / oxhumene nabo ukuba babelane ngalokho okulayishwe uwenamthonjeni.

Yikuphi ongakwenza lapho othile ebhala okuthile ongakuthandi ngawe ngokwezizathu ezithile (okungukuthi, lokhu kwaziswa AWUKWAZI ukukulawula ngokuqondile)?

1. Izimpendulo ezisikiselwe: zithegulule; qondana nalowo muntu owabe okuthile ngawe, umcele akukhiphe; vimba umsebenzisi; uma wesabela ukuphepha kwakho, tshela omdala omethembayo; kuye ngepulatifomu okuyo, ungakwazi ukubika lokho okuqukethwe noma umsebenzisi uma lokho kuhlukumeza noma kuwukwesabisa.